

08 May 2012

**Ebandleni Lonke
Nakubaphathi bebandla**

Ukuthula kwaseZulwini makube kinina nonke.

Onyakeni osemqoka, womgubho weminyaka engu-95 selokhu lasungulwa iBandla likaMoya Oyingcwele, kuyintokozo ukwamukela usuku lokubonga uMoya Oyingcwele ngesasasa.

Kuyigugu kimina ukuphiwa ithuba lokuba ufakazi wokwambuleka kwephupho, elachazwa kithina umsunguli webandla njengesiprofetho, namhlanje eliphilwa ngokugcwele ilesisizukulwane esiyithina. Namhlanje iBandla alisaphili ephusheni, kepha liphila lokho okwabe kuyiphupho.

Sinthiswe ngesipho esiyikhethelo ukwedlula zonke – isipho sokuba ngabalimi esivandeni esivuselelwe kabusha. Ngalokhu, siphawe futhi ithuba lokunakekela kanye nokuba wofakazi bokukhahlela kwembewu entsha nommangaliso wokukhula kwayo. Ngaphezu kwalokho, singabokuqala ukuhlanganyela esivunweni sayo njengomvuzo wokusebenza kwethu.

Eminyakeni eminingi eyedlulile, umgubho kaMay 9 (*usuku lokubonga/Thanksgiving*), wawakhiwe ngezipho ezingenakuzenzisa ezabe ziyimvula yothando, zinqamula imikhawulo ezindaweni zonke. Kwakuvamile ukuba umzalwane osogwini lolwandle ezansi neTheku (Durban South Coast) amukele isipho esivela eSwazini, okanye umzalwane oseThekwini athumele isipho komunye umzalwane osePitoli. Intokozo elethwa isibopho sokuhlanganyela, kanye nothando lobuzalwane (njengabazalwa ndawonye) ebandleni lwalusemizweni yabazalwane bonke, noma kuphi lapho bekhona.

Namhlanje, ngizwa leyomizwa njengoba ngizindla ngani futhi ngithumela uthando lwami kinina ngisezinkalweni ezikude kakhulu kunani. Ngiyenama uma ngizindla ngesibopho enginaso nani nobuzalwane obuboshelwe ndawonye ngethemba elilodwa nesethembiso esisodwa (common hope and common promise), obenziwe baqina kakhulu manje ngenxa yokususwa phakathi kwenu ngenyama. Nokho, uMoya wami uzindla ngani kakhulu kunakuqala.

Kulesisikhathi, ngizindla kanzulu ngokubaluleka kwalolusuku empilweni yami, nasempilweni yomndeni wami, kanye nabanye abanengi abamukele isibusiso empilweni yabo ngokuhlangana kanye nokwamukela lesisipho – esasamukela ngomuntu oyedwa. Namhlanje, ngizwa ngisondelene kakhulu nembewu yami, impande yami, isiqu sami – lowo owamukela lesisithembiso kuqala, nowaba izwi lokuqala, engilicwalisayo mina manje.

Manginikhumbuze ukuthi lesisipho asamukelwanga ngeze nje. Kodwa, samukelwa ngenxa yomkhuleko, ukuxhumana nezingelosi kanye nokusondelana noNkulunkulu. Singeke sazi ngokuphelele ukuthi insizwa eyasungula lelibandla yabe inxusa ntoni kuNkulunkulu emkhulekweni wayo, nokho siyazi namhlanje ukuthi ukunxusa kwayo akusizanga yona kuphela kepha kwasisondeza nathi kuNkulunkulu.

Ngakho-ke, ngiyakhuleka kakhulu ukuthi izifiso zami uqobo kanye nemiqweni yami, engixhumana ngayo noNkulunkulu imihla yonke, ingapheleli iyinzuzo kimina kuphela – kodwa kunalokho idlulele nakinina, ibe isibusiso kinina nakwizizukulwane ezisayovela, enyameni nasemoyeni. Ngiyakhuleka ukuthi sengathi ngingaqhutshwa intshisekelo yokunikhonza (to serve) ngendlela ephakeme ngamandla onke engiphiwa wona, nokuthi ngibe ithuluzi eliphelele loMoya



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP

kaNkulunkulu kanye noMoya weQiniso, ebuqwini bami kanye nasekwenzeni kwami; kuze kuthi ubumina njengoMalusi wenu kulesisikhashana kwendalele ukweneliseka kwakho konke enikulambe emoyeni.

Ngithatha lelithuba ukuphinde ngiphakamisele iBandla lonke esandleni sikaNkulunkulu. Ngokuzalwa kwalo ngokwentando kaNkulunkulu, iBandla likaMoya Oyingcwele liyilo kuphela ithemba lobuqiniso bukaNkulunkulu obubonakaliswa ngobuqu besithathu bukaNkulunkulu – uMoya Oyingcwele. Alikho elinye ihlelo noma iBandla engilaziyo kulesisikhathi esikuso elinikezwe lesisipho ngokujula esikuphiwe ngakho thina. Yize lokhu kungesikho ukuthi singcono kunamanye amabandla, nokho kungukuthi siyinhloko (the figurehead) yalokho uNkulunkulu ayefisa ukuthi iBandla lakhe libe yikho.

Sekuyisikhathi sokuba sibuye sizethembe futhi njengabakhethwe uNkulunkulu ngoMoya. Kuyisikhathi sokuba sibuyise ukuzethemba okwatshalwa kithina yilowo owasizalayo eMoyeni, umsunguli webandla, nengimi endaweni yakhe namhlanje. Ngivukuza zonke izimfundiso ezadluliselwa kinina, enaphathiswa zona ngokufundiswa ngezwi noma ngokwenza, ukuba zivuselelwe ngaphakathi kwenu njengoba singena ngokugcwele esigabeni senguquko – futhi silungisela ukuba abazoguqula izwe nathi. Ngikusho lokhu ukuze kungalahleki nalunye uhlamvu lokukholwa okwafundiswa uMqalisi ngalezizikhathi zenguquko.

Ngalolusuku, izipho zenu mazingabi nje ukuphana okugcwalisa usiko oluyize – nokho mazibe umyalezo onenjongo. Izipho zenu mazidale inguquko empilweni yomunye, umbono omusha wothando komunye, umuzwa omusha wobuzalwane nobunye, kanye nentshisekelo entsha yokukholwa nakomunye. Ninganxaneli nje ukuphana, kodwa nxanelani ukuthinta imiphefumulo (*Do not just seek to give, but rather seek to touch*).

Nalokho enikuthintayo ngezipho zenu, makube okubusisekile – futhi ngaphezu kwalokho, makube umnikelo kuJehova.

Nginifisela usuku olugcwele injabulo kanye nokuthula emphefumulweni – *Happy May 9*.

Onikhonzayo,



UMongameli PG Nzuza,
Madrid - Spain
Ishicilelwe – iMangataza House



CHURCH OF THE HOLY GHOST

OFFICE OF THE ARCHBISHOP